*ZULU – "Peace"*

# UKUTHULA



''Sengathi ngawazi nawe ngalolosuku okokuthula kwakho. (Luka 19:42). Uma sibheka izinto ezenzekayo emhlabeni namhlanje, kuyasikhanyela kahle ukuthi akukho ukuthula emhlabeni. Ezindaweni zonke sizwa inzondo, ukulwa, ukugwazana, izimpi nodumo Iwezimpi. Akunandaba noma ungavula liphi iphephandaba kodwa kulona uzothola izinto ezesa bekayo ezenziwa ngabantu kwabanye abantu, ngenxa yesono nenzondo nomona, abantu abakhulu ezwini sebazama iminyaka eminingi ukuletha ukuthula emhlabeni akukho noyedwa oseke waphumelela. Akumhlaba wodwa okulesisimo kodwa kuyadabukisa ukusho ukuthi amaningi amakhaya ethu awanakho ikuthula nawo. Okubi kakhulu noma kuliqiniso ikuthi kukhona

isibalo esikhulu sabantu namhlanje emhlabeni abangenakho ikuthula emiphefumulweni yabo. Kulaphoke impande yakho konke ukuhlupheka ikhona.

## YINI EYENZA KUNGABIKHO UKUTHULA?

Ekuqaleni uNkulunkulu wadala izwe kanye notshani izimbali nezihlahla nezilwane zonke eziphansi kwamanzi kanye nalezo ezisemhlabeni owomileyo. UNkulunkulu wadala futhi uAdamu noEva, Kuyo yonke indalo kwakukhona ikuthula. UAdamu no Eva babengazesabi izilwane ababehlala nazo, bahlala ngokuthula nangokujabula. Imvu yayingahamba eduze kwebhubesi kodwa ibhubesi lingalimazi, okukhulu kakhulu ukuhti kwakukhona ukuthula phakathi kuka Nkulunkulu nomuntu. UNkulunkulu wayejwayele ukwehla ekuseni akhulume ahambe noAdamu noEva, ezinhliziyweni zabo babengenakho ukwesaba uNkulunkulu babehlala belinde ukuza kwakhe azoba nobudlelwane nabo.

Kwathike uSathane oyisitha sokuthula wangena enyokeni walinga uAdamu noEva ukuba bone, ngoba lapho kukhona isono khona akukho ukuthula kukaNkulunkulu. USathane uyise wamanga wabatshela ukuthi abayikufa noma bangaze bamdelele uNkulunkulu bathathe isithelo uNkulunkulu anqabile ukuba basidle. Njengoba abantu abaningi ngisho nanamhlanje balalela izwi likaSathane. Ngakhoke uAdamu noEva benza lokho abalingwa ukuba bakwenze bamona uNkulunkulu. Ngaso leso sikhathi ukuthula ababenakho kwabashiya-konke ukuthula nobuhle ababekwenzelwe uNkulunkulu manje kwasekuchitheka ngenxa yesono sinye nje sokona ukwesaba kwangena ezinhliziyweni zikaAdamu noEva. Ngalokho kuhlwa uma uNkulunkulu efika njengenhlalayenza ezokhuluma nabo bazifihla, besaba ubuso bukaNkulunkulu. Ngomuntu munye ukona kwangena emhlabeni nathi esikhona namhlanje sonile. ''Ngokuba bonile bonke bengafinyelele ebukhosini bukaNkulunkulu'' Rom. 5:12, 3:23. Isono esisodwa sidonsela kwesinye namhlanje umhlaba wonke uyagula ngokona, ngakhoke ukuthula akubusi kulomhlaba.

## UNKULUNKULU WAFISA UKUBUYISELA UKUTHULA FUTHI EMHLABENI.

UNkulunkulu eseZulwini wabheka emhlabeni wabona yonke inzondo, nokwesaba, isono, nokudabuka, kwathike ngothando lwakhe olukhulu wathumela indodana yakhe eyodwa ukuba izalelwe esitebeleni. Iminyaka ngeminyaka siyakhunjuzwa ngesikhathi sika Khisimusi amazwi eNgilosi ''Ningesabi bhekani nginilethele izindaba ezihle zokuthokoza okukhulu okuyakuba kubantu bonke, ukuthi nizalelwe namhla uMsindisi onguKristu iNkosi emzini kaDavida, masinyane kwabakhona kanye neNgilosi isixiku sebandla laseZulwini simdumisa uNkulunkulu: sithi Udumo kuNkulunkulu kweliphezulu nokuthula emhlabeni nothando oluhle kubantu. Luka 2:10-14. UJesu wathunyelwa kulelizwe

ukuletha ukukhanya kulabo abasebunmyameni nasethunzini lokufa, ukuqondisa izinyawo zethu endleleni yokuthula. Luka 1:79. Siyatshelwa futhi kwabaseFesu 2:14 ukuthi ‘‘Ungukuthula kwethu’’ UNkulunkulu uthumele iNkosi yokuthula kulelizwe. Uma nje abantu balezonsuku bayemukela iNkosi yokuthula babeyohlala ngokuzwana futhi.

## ABANTU BENZANI NGALOKHO KUTHULA?

Njengo Adamu noEva, amaJuda, nabeZizwe, nabantu baleso sikhathi bakhetha ukumdelela uNkulunkulu nokulalela iseluleko sikaSathane. Bayidela iNkosi yokuthula. Kwathi nxa uPilatu ebeka uJesu no Barabasi phambikwabo bamemeza ‘‘Asimfuni uJesu’’ sinike uBarabasi. Ngamanye amazwi babethi ‘‘Isuse iNkosi yokuthula usinike inzondo, izimpi, ukugwazana, nesono. ‘‘Laba abantu babekhululekile ukwenza intando yabo kodwa noma kunjalo bakhetha uBarabasi. Izinsuku esiphila kuzo zinjengazo lezo impela. UNkulunkulu usinikile ukuba sizikhethele. Singakhetha uJesu abe nguMsindisi wethu neNkosi yethu, uzoletha ukuthula ezimpilweni zethu, wathi: ‘‘Ukuthula ngikushiya kinina, ukuthula kwami nginipha khona, ayi njengokupha kwezwe. Joh. 14:27. Izono empilweni yethu zisidedisile kuNkulunkulu. Ebubini bethu asinakho ukuthula phakathi kwethu uJesu yilokhu emi enezingalo ezivuliwe elindele ukusamukela asibyuisele emhlambini, ukusihla nza ngegazi eliyigugu, ukusinika amandla okuba sibe ngabantwana bakaNkulunkulu nokus inikaukuthula.

Siyatshelwa kwabaseRoma 5:1. ‘‘Ngakho lokhu silungisiwe ngokukholwa sinokuthula noNkulunkulu ngeNkosi uJesu Kristu’’. Akukho lutho kulelizwe okungasinika ukuthula, imali umcebo, nodumo ngeke kusinike ukuthu la, uphuzo ngeke lusinike khona ngisho nokufaka amagama ethu encwadini yesonto ngeke kusinike khona. Inye kuphela indlela yokutholela imiphefumulo yethu ukuthula, yilena yokuza kuJesu, ukuvuma izono zethu kuyena siphenduke kuzona, wethembekile yena ulungile ukusithethelela izono zethu nokusihlanza kukho konke ukungalungi. Ukuthula esikunikwa nguJesu kungukuthula okudlulayo ukuqonda konke. Fil 4:7. Kungechazwe muntu, kodwa singabanakho ezimpilweni zethu uma sizimisele ukulahla izwe nezinto zalo, ukulahla isono nabangani ababi, okuphendukela eNkosini uJesu Kristu nokukhonza yena yedwa. Kumbeke singakwazi ukuphila ngaphandle kokuthula, kodwa ngeke sikumele ukufa ngaphandle kokuthula. Ngokuba umbuso kaNkulunkulu awusikho ukudla nokuphuza kodwa ungukulunga nokuthula Rom. 14:17. Ngakhoke uma sifa singenakho ukuthula kukaNkulunkulu ezinhliziyweni zethu ngeke ngempela samukeleke eZulwini lakhe lokuthula uma singayamukelanga iNkosi yokuthula ezimpilweni zethu sifela ebubini bethu kukhona indawo eyodwa nje kuphela esabelwe yona ingumlilo ongunaphakade wasesihogweni Ungeke ukumele ukufa

esimeni okuso manje ngokuba uyoya ekulahlekeni okungunaphakade izwi likaNkulunkulu lisitshela ukuthi intuthu yokuhlushwa kwenu iyakuthunqa njalo njalo, kusesihogweni esingunaphakade lapho kuya khona isoni, sonile sonke akekho olungile qha namunye Umake ufuna ukuya eZulwini iyodwa kuphela into ongayenza yilena yokwenza uxolo noNkulunkulu enhliziyweni yakho, ukuthula kukaNkulunkulu kubuse enhliziyweni yakho. Kol. 3:15.

Ngesikhathi sikaKhisimusi sikhunjuzwa ngoJesu eza kulomhlaba elethe ukuthula. Ngo Easter sikhunjuzwa ukuthi abantu bamdela kanjani uJesu bambethela. Sihlobo esithandekayo uzoba ngomunye nawe walaba abayilahlile iNkosi, noma uzovula impilo yakho umvulele angene yinye kuphela kuphela indlela yokuba nokuthula kukaNkulunkulu enhliziyweni yakho ngeyokuguqa phansi phambi kwakhe manje uvume kuyena ukuthi uyisoni umcele akuhlanze egazini lakhe eliyigugu, akwenze ube ngowakhe. Akunandaba noma ucabanga ukuthi ulunge kanjani kodwa udinga ukusindiswa, akunandaba noma ucabanga ukuthi umubi kanjani kodwa yena uzimisele ukukwamukela akanakukushiya. Uma ungakaze ukuzwe ukkuthula kukaNkulunkulu emphefumulweni wakho kwamukele manje uzoba nokuthokoza okungenakukhulumeka ugcwale inkazimulo.

Kwenye inkonzo yeVangeli indoda endala yathi: ''Bengiphila ngenkathi kubusa amakhosi amane. Kweyokuqala sasivamile ukuba sezimpini, kwakuyisikhathi esesabekayo. Ngokubusa kweyesibili sahlaselwa enkulu indlala saze sadla a mabunzi, notshani, nemithi, ngokubusa kweyesithatha izitha zethu zasinqoba saba izisebenzi zabo, kodwa isabusa yona lenkosi yesithuthu savakashelwa ngenye inkosi inkosi enkulu, inkosi enhle, inkosi enokuthula inkosi yothando uJesu iNkosi evela ezulwini usenqobile manje. Usezinqobile izinhliziyo zethu manje siphila ngokuthula, nangenala, sethemba ikuhlala naye masinyane eZulwini.

Sihlobo esithandekayo nikela impilo yakho manje kuJesu ngalesisikhathi ake ume kuleyondlela eyehlela esihogweni, guquka ukhonze iNkosi yamakhosi noMbusi wababusi. Ungabona ukuthi izihlobo zakho eziningi ziyakulahla kodwa khumbula ukuthi uJesu wathi: ''Bhekani nginani njalo kuze kube sekupheleni kwezwe'' Okukugcinake ''Ukuthula kukaNkulunkulu akubuse ezinhliziyweni zenu. Kol. 3:15.

---

For free Gospel literature, books and tracts in over 540 languages, write to:

**ALL NATIONS GOSPEL PUBLISHERS**

**P.O. Box 2191, PRETORIA, 0001, R.S.A.**

(A Gospel Literature Mission financed by donations)

(Reg. No. 1961/001798/08)